IBhayibheli LaBantwana
Likulethela

Inkosana Yasemfuleni

Ibhalwe ngu: Edward Hughes

Kwabonakala ngu: M. Maillot; Lazarus

Ifanekiswe ngu: M. Maillot; Sarah S.

Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala

Ikhiqizwe ngu: Bible for Children
www.M1914.org

©2017 Bible for Children, Inc.
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.

Ungqonqgoshe uJosefa wayedlulile emhlabeni! IGhibhithe

yonke yayidabuka kanye nomndeni wakhe.

UNkulunkulu wasebenzisa uJosefa,

uMheberu, ukusindisa izwe endlaleni.

Wayehlakaniphile uJosefa futhi ewumuhholi othandiweyo.

Manje wayengasekho.

Sekudlule iminyaka eyamakhulu amathathu emide.

Abantu baJosefa, abaHeberu, babe abantu abenamandla eGhibithe.

UFaro omusha wayesaba ukuba abaHeberu babezomujikela, ngakhoke wabenza

izigqila bonke.

UFaro waphatha abaHeberu ngesihluku. Wabaphoqa ukuba bakhe amadolobha amakhulu. Yize ebagqilaza, abaHeberu banda.

Ngelinye ilanga, uFaro wakhipha umyalezo osabekayo. “Bonke abafana abazalwayo mabaphonswe emfuleni” ...

... UFaro waye umuntu omubi, wayezimisele ngokwehlisa ubuningi bamaHeberu. Wayezobulala ngisho nezingane!

“Sizokwenza njani?” umndeni owodwa uzibuza. Banquma ukufaka ingane yabo emfuleni. Kodwa wayephakathi kwabhasikidi ofudumele futhi ophephile.

Ubhasikidi ophethe impahla ebalulekile wawumukela emhlangeni.

Kaze kwakuzokwenzakalani kulomntwana omncane.

Buqamama, udade wengane wabukela ubhasikidi uhamba namanzi phakathi komhlanga.

Kwathi kusenjalo kwaqhamuka amadodakazi kaFaro kanye nabasizi bezo geza emfuleni.

Kwakungekho ndlela yokucashisa ubhasikidi. Mhlawumbe babezodlula bengawuboni.

“Haw! Ubhasikidi. Lapha, emhlangeni. Kaze kukhonani phakathi.” Indodakazi kaFaro yathumela umsizi ukuba alande ubhasikidi.

Wathi ewuvula -
yakhala ingane.
“Ingane yeHeberu,”
kubabaza
inkosazane.

“Aw kodwa isono. Waze wamuhle.”
Mhlawumbe kusho indodakazi kaFaro
enganeni njengoba bake
benze abantu
abadala.

Mhlawumbe waze wathi
"Ootchie-kootchie Koo-ums"
- ngesiGhibithe
phela.

Kufanele ukuba uNkulunkulu wayenikeze udade wengane ubuhlakani obukhethiwe. Wagijima waya kwindodakazi yaFaro.

“Ngingakutholela owesifazane oyiHeberu ozokunakelelela yona ingane na?” “Enza njalo,” esho ephendula. Mawucabanga intombazane yagijima yalanda bani?

"Mama! Phuthuma! Shesha!"
Mhlampe intombazane yayingenaso isikhathi sokuchaza. Bagijima bobabili bebuyela khona.

Emfuleni, indodakazi kaFaro yamunikeza umntwana. “Munakekelele mina.

Ngizokukhokhela.
Muqambe
uMose.”

Mhlampe uMose uchaza ukuthi ndoda-manzi ngesiGhibhithe.

Kanjalo uMose wabuyela kubo kubazali bakhe. Bamufundisa ukwesaba nokuthanda uNkulunkulu kanye nabaHeberu.

Maduze wayesezohlala ebukhosini kanye nendodakazi kaFaro.

UNkulunkulu wasindisa impilo yakhe, wayenekusasa elikhulu elalihlelelwe umntwana uMose.

Inkosana Yasemfuleni

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

Eksodusi 2

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa." AmaHubo 119:130

Yaphela

Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi
iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena
unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba
inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni
usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni
yami ungithethelele izono zami, ukuze
ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze
ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade.
Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele
Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu
nsuku zonke! Johane 3:16